


# Hillcrest High School



IBANGA LESI-9

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA

NMT

IPHEPHA LESIBILI (P2)

MEYI /JUNI 2019

AMAMAKI: 85

ISIKHATHI: Amahora ama-2

## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukane iswe IZIQEPHU EZINTATHU:  
 ISIQEPHU A: UMDLALO (Phendula YONKE imibuzo lapha)  
 ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo) Phendula umbuzo  
 OWODWA  
 ISIQEPHU C: (Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo) Phendula umbuzo  
 OWODWA
2. Bhala ngolimi ohlolwa ngalo.
3. Qala umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.
4. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:  
 ISIQEPHU A Amaminithi angama-50  
 ISIQEPHU B Amaminithi angama-40  
 ISIQEPHU C Amaminithi angama-30
5. Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha.
6. Nikeza impendulo ngasiye isihloko esifanele.
7. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

**ISIQEPHU A: INDABA EMFUSHANE****IZINHLIZIYO EZIBUHLUNGU N.G. SIBIYA****Kulesi siqephu phendula YOMIBILI imibuzo****UMBUZO 1**

Izinhliziyo Ezibuhlungu

**ISIQESHANA A**

'Wena awusayinakile-ke iminyaka engamashumi amabili le oyihudulayo. Usunake mina. Musa ukunginaka *please!*' Asho asukume aphume uSenzo ayaluze ngaphandle ngoba phela iyona nto ayazi kahle leyo. Ukuyaluza nje. Uma engayaluzi, usuke egqolozele ithelevishini. Lapho-ke umthola elokhu ekhomba amantombazane amahle, elokhu ethi, "Eishhh!" USenzo –ke lowo umfo kaKhumalo.

Alishone-ke ilanga. Indoda nendoda nesigwebo sayo kumele bayozishutheka emashidini (go to sleep). Yilapho-ke imicabango nosizi lokugwetshwa. Izinyembezi ziyehla zibe umfula futhi uma isidingo sikhona. NoSenzo-ke ukuleso simo njengamanje. Okwakhe kuxubile ngoba kuqukethe usizi lwakhe jikelele kanye nale nto ayitsheliwe. Noma sithi nje umbono kaDumisani. Iqili lamaqili. Elimqondo walo uhlale undiza. Lowo mbono phela wokuthi abhalele ephendabeni, kule ngosi ethi 'Izinhliziyo Ezibuhlungu.' Yilapho amabhungu namatshitshi ebika khona usizi lokudikadikwa yisizungu.

- 1.1 Sithini isihloko sale ndaba okuthathwe kuyo lesi siqephu? (1)
- 1.2 Obani ababili abakhuluma kulesi siqephu? (2)
- 1.3 Bagwetshwa (sentenced) iminyaka emingaki besejele? (1)
- 1.4 Bhala izinto EZIMBILI ezenziwa uSenzo ukuchitha isizungu (keep busy)? (2)
- 1.5 Sebehlale iminyaka emingaki oSenzo noDumisani ejele? (2)
- 1.6 UDumisani wambonisa (advise) ukuthi enzenjani uSenzo ngempilo yakhe? (2)
- 1.7 Bhala izinto EZIMBILI ezivela esingenisweni (introduction) (2)
- 1.8 Bala OKUTHATHU uSenzo akuthola kalula ukuze abhalele incwadi. (3)
- 1.9 Wena wawungabhalela umuntu ongamazazi (strange person) incwadi ucele akuvakashele? Sekela impendulo yakho. (2)

[17]

2. Funda lo MBHALO B bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA B**

Afike lapho okufikela khona izivakashi, afake isiliphu bese elinda. Usekhumbula (remembered) nokuthi miningi kakhulu manje iminyaka agcina ukuba nesivakashi (visitor). Azame ukungayigxilisi nokho ingqondo kulokho ngoba kusuke kumlethele umunyu (sorrow) nje. Phela wagcina ukuba nesivakashi kakade kufika unina ezomlunguza kudala esaboshwe ejele lale eNcome. Kwahamba kwahamba kwathi

nya. Wabhala izincwadi kazaphendulwa. Useze uzwa uma esededelwe (released) ejele emva kweminyaka emibili ukuthi unina sewashona, nezingane zakwabo zahlakazeka nezwe lonke. Esadabuke kanjalo, esazama ukubathungatha (looking for ), aphindwe aboshwe futhi. Emuva uma ecabanga lokhu, azame nokho ukukuphebeza agxile endabeni ebalulekile yokuthi namuhla uzobona uNto osekusengathi bazana kudala ngendlela asejahe ngayo ukumbona.

- 2.1 Ukuphi uSenzo njengoba elindile? (1)  
 2.2 Yini le eyenza uSenzo abe nomunyu? (2)  
 2.3 Lithini igama lejele aboshwa kulo uSenzo okokuqala? (1)  
 2.4 Wayeboshwe iminyaka emingaki kuleli jele? (1)  
 2.5 Kwenziwa yini ukuthi umama wakhe ayeke ukumbheka? (2)  
 2.6 Ubani igama lentokazi ezobonwa uSenzo namuhla? (1)  
 2.7 Chaza ngesingeniso (introduction) sale ndaba? (2)  
 2.8 Bhala okukodwa okukhombisa ukuthi uDumisani ungumngani omuhle kaSenzo. (2)  
 2.9 Ngubani igama nesibongo sangempela sikaSenzo? (2)  
 2.10 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B

IKHOLOMU A	IKHOLOMU B
<del>2.10.1</del> UDumisani	A Isithakazelo sikaSenzo.
<del>2.10.2</del> Izinhliziyo Ezibuhlungu	B umngani kaSenzo.
<del>2.10.3</del> UMtungwa	C udadewabo kaSenzo.
<del>2.10.4</del> UNtozonke	D Ingosi yephephandaba ekubhalelwa kuyo.
2.10.5	

(4X1)

[18]

ISAMBA SESIQEPHU A: 35

**ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO****UMBUZO 3**

Fundisisa lezi zihloko ezilandelayo bese ukhetha ESISODWA ubhale ngaso amagama angama-80 kuya kwayi-100.

**INCWADI YOBUNGANI**

3.1 Umngani wakho enifunda naye esikoleni samabanga aphasu umbone kumabonakude (TV) enza lokhu ayekade ekufisa ukumela (represents) isifundazwe saKwaZulu Natali kwezemidlalo. Mbhalele incwadi umhalalisele/umbongele (congratulate) ngempumelelo yakhe. (30)

**INCWADI YOBUNGANI**

3.2 Ngosuku lwakho lokuzalwa (birthday), abazali bakho bakuthengele isipho (present) owawukade usifisa. Bhala incwadi ubonge isipho sakho esisha. (30)

**INCWADI YOBUNGANI**

3.3 Ubaba wakho ongahlali naye akathokozile (unhappy) ngemiphumela yakho yokuphela kwethemu yokuqala. Ubona sengathi udlala (waste) ngemali yakhe la kuwe. Mbhalele INCWADI umchazele ngezinkinga obhekene nazo kulesi sikole esisha. (30)

**INGXOXO/INKULUMOMPENDULWANO**

3.4 Ikilasi lenu aliziphathanga (misbehaved) kahle ngesikhathi sesifundo sesiNgisi. Uthisha uvele wanihlalisa (punished) nonke ekilasini sekuphume isikole. Umama obekulandile kumcasulile (angry) ukumlindisa emotweni. Bhala INGXOXO phakathi kwakho nomama. (30)

**ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFUSHANE EDLULISA IMIYALEZO****UMBUZO 4****ISIKHANGISO**

4.1 Uthisha wenu wesiZulu uhlela umcimbi wokuveza amakhono (talent) kubafundi bebanga lesi-8 kuya kwelesi-9. Umcimbi uzobe uhlola amakhono (talent) ezinto zesintu njengokusina (isiZulu dance), ukucula nokuhaya izinkondlo (poetry). Bhala isikhangiso salo mcimbi. (20)

**IPHOSIKHADI**

4.2 Bewuhlele (planned) ukuvakashela umalume wakho eNew York. Ube nezinkinga (problems) ezivimba lolu hambo lwakho nosekwenze waluhlehlisa (reschedule). Bhalela umalume wakho IPHOSIKHADI umazise ngalokhu. (20)

**IDAYARI**

4.3 Uhlela ukuvakashela (visit) edolobheni elithile eNingizimu Afrika. Abazali bakho bakuvumele uhlele leli holide lezinsuku ezinhlanu. Bhala IDAYARI echaza ukuthi uzobe wenzani izinsuku ezinhlanu. (20)

**ISAMBA SESIQEPHU C: 20****ISAMBA SESISONKE: 100**

